## Kuqubuke umlilo ehhovisi elikuRissik Street

**Tshwane, 21 kuMandulo 2023 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyaqinisekisa ukuthi izolo kuqubuke umlilo egatsheni lalo elikuRissik Street, eJohannesburg.

Zonke izisebenzi nabakhokhintela bakhishelwe ngaphandle ngokushesha kanti futhi akekho othole ukulimala okunzima. Umlilo ucishwe ngempumelelo ngenxa yokuthi abosizo lwezokucishwa komlilo basheshe bafika.

Ngenxa yalo mlilo, igatsha lakwaSARS kuRissik Street likumisile ukusebenza kanti lizoqhubeka nokuhlinzeka usizo ngokusebenzisa ezobuchwepheshe. Abakhokhintela bayakhuthazwa ukuba babeke usuku lokusizwa ngokusebenzisa isizindalwazi sakwaSARS ku www.sars.gov.za. Labo abafuna ukuya emagatsheni ethu, bangabeka usuku lokuyovakashela amagatsha eliseRandburg noma elise-Alberton. Siyaxolisa ngokuphazamiseka okubangelwe yilokhu.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ubonge izisebenzi zosizo lokucishwa kwemililo nabezokwelapha abalekelelile ukuqinisekisa ukuthi umonakalo awubi mningi kanye nokusiza labo abathintekile.

Imbangela nomonakalo owenzekile akukaziwa okwamanje kanti futhi kusazophenywa.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za